ETHEKWINI MUNICIPALITY

AGRI-BUSINESS

UMASIPALA WASETHEKWINI UMEMA

IZICELO EZIVELA KWABAFUNA UKUQASHA AMATHANELI AMABILI OKUTSHALA AMAVEJI ECOTTON LANDS AGRI PARK INCUBATOR

U-Agribusiness uwuphiko olungaphansi komnyango wakwa-Business Support, Markets, Tourism and Agribusiness, kanti injongo yalo ukusiza ama-SMME asemkhakheni wezolimo kuMasipala waseThekwini ukuze kwenziwe ngcono ukusebenza kwama-SMME akwezolimo ngokuza nezixazululo ezakhelwe wona zokunciphisa imigoqo ezimakethe, ukusebenzisa isayensi nezobuchwepheshe, ngesikhathi kwandiswa igalelo lawo emnothweni waseThekwini.

INHLOSO

Inhloso yethuba lokuqasha wukugqugquzela ukudayiswa kwemikhiqizo yemifino eThekwini ngokuthi kutholakale indawo yemikhiqizo emikhulu.

Indawo yokutshala ngamathaneli yase-Cotton lands inamathaneli amabili angasetshenziswa ubukhulu bawo obungu (10X30X4m) angatshala imifino engu-2000 emabhodweni okutshala. Abanentshisekelo bayamenywa ukuba bafake izicelo uma ngabe behlangabezana nalezi zidingo ezilandelayo,

Makube yibhizinisi elibhalisile elinobufakazi bemininingwane yokubhalisa.

Makube yibhizinisi laseThekwini, kuyobhekelelwa kuqala amabhizinisi aseSifundeni saseNyakatho (Ubufakazi bekheli buyodingeka).

Ukuchaza kafushane ngebhizinisi (kungabi yi-business plan), uveze nesipiliyoni sebhizinisi emkhakheni wokutshala imifino kusetshenziswa amathaneli.

Kumele kube yibhizinisi elikhiqize imifino elinganiselwa ku-1000 kuya ku-2000 wezitshalo iminyaka engaphezulu kwemibili endaweni evulekile noma kumathaneli.

Ubufakazi bokudayisa be- akhawunti yebhizinisi besikhathi esiyizinyanga ezingu-12.

Ubufakazi babantu osebenzisana nabo ezimakethe (uma bukhona) nobufakazi besivumelwano sokudayiselana nabo eninaso.

Veza umkhakha ongena ngaphansi kwawo ngokomthetho wokuqasha ngokulingana (EEA) (Abantu abamnyama, amaKhaladi noma amaNdiya, abesifazane, abantu abakhubazekile)

Ubufakazi bemali yokuqala ibhizinisi onayo okumele iqale ku-R40 000 (veza Isitatimende se-akhawunti yebhizinisi).

INDLELA YOKUHLUNGA

INCAZELO	AMAPHUZU
1. Ukubhaliswa kwebhizinisi nokuhambisana nemithetho.	10
2. Ubufakazi bamarekhodi okudayisa izitshalo kwi-akhawunti yebhizinisi besikhathi esiyizinyanga eziyishumi nambili.	20
3. Imali onayo yokusebenza amathaneli amabili nobufakazi bemali yokuqala ibhizinisi (i-akhawunti yasebhange noma ubufakazi bemali ezofakwa umtshalizimali ebhinisini lakho).	30
4. Ikhono nesipiliyoni sebhizinisi emkhakheni wokukhiqiza izitshalo (ukulima ngamathaneli) okufaka nohlelo okuzosetshenzwa ngalo.	20
5. Isivumelwano sokudayisa umkhiqizo ezimakethe.	20

UKUFAKA ISICELO/ UHLELO LOKULETHWA KWEZIPHAKAMISO:

Iziccelo kumele zichaze isipiliyoni sebhizinisi emkhakheni wokukhiqizwa kwezitshalo.

Iminingwane ebanzi yohlelo lwezezimali kanye nokuqaliswa komsebenzi.

Zonke izicelo ezithunyeliwe zizocutshungulwa ngokuhambisana nohlelo lokuhlunga.

Imiphumela yokuthi isicelo siyaphumelela yini noma cha izohambisana nesinqumo soMkhandlu bese abafake izicelo baziswa ngendlela efanele.

IMIGOMO NEMIBANDELA:

1. Zonke izicelo kumele zithunyelwe emahhovisi oMnyango wakwa-Agribusiness eGround Floor: Durban Fresh Produce Market, 81 Flower Road, Clairwood, Durban, 4052. Izicelo ezithunyelwe nge-email ngeke zemukelwe.
2. Kufanele kulethwe isicelo esichaza kabanzi nesu lokuqala umsebenzi njengoba kudingeka.
3. Azikho izicelo ezizokwemukelwa ngemuva kosuku lokuvala okuwumhla ka-6 Disemba 2024 ngo-12:00 emini.
4. Abafaka izicelo kumele basayine irejista ngosuku abaletha ngalo izicelo zabo lapho zihanjiswa khona. Ukusayina irejista kwenzelwa amarekhodi kanye nezidingo zocwaningo-mabhuku.
5. Ukuhambisa isicelo akusona isiqiniseko sokwamukelwa kwaso noma ukugunyazwa kobudlelwane bokusebenzisana.
6. Imiphumela yokuthi isicelo siyaphumelela noma cha sizothunyelwa ngesikhathi esifanele.

Mayelana neminye imininingwane, xhumana noNks Nelisiwe Gumede kuleli kheli le-email Nelisiwe.gumede@durban.gov.za Ucingo: 031-322 9268 noma Sincedile Mbingo: Sincedile.Mbingo@durban.gov.za Ucingo: 031-322 9454.